## UMASIPALA WASEMSUNDUZI

## ISIMEMEZELO SOKUFAKA IZICELO KUBANTU ABAFISA UKUDAYISA EMGWAQWENI

UMasipala waseMsunduzi ophikweni lwezokuThuthukiswa koMnotho kanye Namabhizinisi eDolobha, okungaphansi koPhikwana lokuThuthukiswa kwemisebenzi okumele iyiswe kumphakathi ubambisene noMnyango wokuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha kanye neziNdaba zeMvelo, uhlaba ikhwela lokunxenxa bonke abafisa ukufaka izicelo zezindawo zokudayisa emgwaqweni ngezindawo ezimaphakathi nedolobha phecelezi CBD.

**INDLELA YOKUQOKA KANYE NOKUDINGEKAYO UKUZE UFAKE ISICELO**:

Ofake isicelo kumele akwazi ukuhambisana nale nqubo elandelayo:

- Bonke abantu abahlala eNingizimu Afrika bayagqugquzelwa ukufaka izicelo, izakhamizi zaseNingizimu Afrika zizonikezwa ithuba lokuqala.
- Bonke abantu abahlale ngaphakathi kwemingcele ngaphansi kukaMasipala waseMsunduzi.
- Bonke abantu abakhubazekile, intsha, abesifazane bayagqugquzelwa ukufaka izicelo.
- Abafake izicelo kumele babengabantu abangaqashwe ndawo;
- Abafake izicelo kumele bagcwalise ifomu lokufaka isicelo, bafake nezincwadi ezidingekayo njengoMazisi (ID), ubufakazi bekheli kanye nezincwadi zokuqeqeshwa kanjalo.

Amafomu okufaka izicelo ayatholakala emahhovisi kaMasipala e333 Church Street, Lower Ground, A S Chetty, eMgungundlovu. Izicelo zingalethwa ngesandla kuqondiswe kuMnu Mthobisi Khumalo, Senior Manager: Development Services e-333 Church Street, Lower Ground, AS Chetty, noma bazithumelele ngekheli lonyazi (email) baziqondise ku **samson.gabela@msunduzi.gov.za** Kanye naku **snenhlanhla.nyaniso@msunduzi.gov.za**

**Usuku lokuvala ukuletha izicelo ngumhla zingama 29 Aprili 2021 ngaphambi kwehora lesine ntambama (16:00).**

Ngayo yonke imibuzo, uyacelwa ukuba uxhumane noMnu Samson Gabela (Chief Officer: Street Trading) enombolweni yocingo ethi 033-392 2474 noma kuNkk Nosihle Nzama (Manager: Local Economic Development) enombolweni yocingo ethi 033 392 2589 noma ngobhalonyazi nosihle.nzama@msunduzi.gov.za. Siza uqaphele ukuthi uMasipala iwona kuphela onelungelo lokunikezela ngezindawo zokudayisa emhlabeni wakhe.

Ozithobayo eNtuthukweni YezoMnotho.

**M. Khathide**
**IMENENJA DOLOBHA**